



Nalibali

It starts with a story...

Celebrate our libraries!

Are you lucky enough to have a library near you? Libraries offer us a wealth of stories and information to enrich our lives. Smaller libraries have hundreds of books while larger ones have thousands for us to choose from, giving us a wider choice of reading material than we could ever own – and we get to take some of the books home for a while!

From 15 to 22 March 2014, South African Library Week will celebrate the role libraries have played in our country over the last 20 years. This year's theme is "check in @ your library". During this week, libraries around the country want to reach out specifically to children and young adults who are not regular library users to show them what's on offer. So, read the reasons we think it's worth being a regular library user, then take your whole family to visit your library during Library Week and do the following.

- Sign everyone up as members so that you can all borrow books and other resources.
- Discover what materials and regular activities it has to offer.

- Experience some of the special events held to celebrate Library Week.
- Take time to explore different sections of your library, particularly those that you have not borrowed books from before – choose books with titles or covers that interest you and just "dip" into them.
- Visit the children's section and, if you had a favourite storybook as a child, find it so that you can read it to your children. Also find a book which you have never read before that you and your children can explore together.
- If you run a reading club, talk to the librarian about making "block loans" which allow you to borrow a larger number of books for a longer period of time than other library users.

Do you want to get information on children and reading on your cellphone? Go to www.nalibali.mobi to find tips and ideas on choosing and exploring stories with children.

Gubha imitapo yethu yezincwadi!


Ngabe ungomunye wabantu abanenhlanhla yokuba nomtapo wezincwadi eduze nawe? Imitapo yezincwadi isinikeza izindaba eziningi kanye neminingwane enothisa izimpilo zethu. Imitapo yezincwadi emincane inamakhulu ezincwadi kanti emikhulu inezinkulungwane zezincwadi esingakhethe kuzo, okusinikeza izinto zokufunda eziningi esingakhethe kuzo kunalezo esingaba nazo – futhi sikwazi ukuya emakhaya nezinye zezincwadi isikhathi esithile!

Kusukela mhla ziyi-15 ukuya mhla zingama-22 kuNdasa wezi-2014, ISonto Lomtapo Wezincwadi LaseNingizimu Afrika lizogubha iqhaza elibanjwe yimitapo yezincwadi ezweni lethu eminyakeni engama-20 eyedlule. Isiqubulo salo nyaka sithi "bheka emtatsheni wezincwadi wakini". Ngaleli sonto, imitapo yezincwadi ezweni lonke ifuna ukufinyelela ikakhulukazi ezinganeni nakubantu abasha abangajwayele ukusebenzisa imitapo yezincwadi ukuze bakhonjswa ukuthi kutholakalani kuyo. Ngakho, funda izizathu zokuthi kufanele ngani ukujwayela ukusebenzisa umtapo wezincwadi, ngakho thatha umndeni wakho wonke usivakashele ngeSonto Lomtapo Wezincwadi bese wenza lokhu okulandelayo.

- Bhalisa wonke umuntu abe yilungu ukuze nikwazi ukuboleka izincwadi kanye nokunye okunosizo.
- Thola ukuthi yikuphi okufundwayo kanye nemisebenzi engenziwa okutholakala khona.

- Yiba yingxenywe yeminye imicimbi ekhethekile yokugubha ISonto Lomtapo Wezincwadi.
- Thatha isikhathi sakho ubheke imikhakha ehlukeneyo yomtapo wakho wezincwadi, ikakhulukazi leyo ongakaze uboleke kuyo izincwadi phambilini – khetha izincwadi ezinezihloko noma amakhava akuhlaba umxhwele bese "ungena" kuzo.
- Vakashela ingxenywe yezincwadi zezingane, kanti uma unencwadi yezindaba owawuyithanda useyingane, yifune ukuze uyifundele izingane zakho. Thola nencwadi ongakaze uyifunde phambilini enizojula nayo ndawonye nezingane zakho.
- Uma unethimba lokufunda, xoxisana nomsizi wasematsheni wezincwadi mayelana "nokuboleka izincwadi" okukuvumela ukuthi uboleke inani elikhulu lezincwadi isikhathi esijana uma kuqhathaniswa nabanye abasebenzisa imitapo yezincwadi.

Ngabe ufuna ukuthola ulwazi ngezingane kanye nokufunda kumakhalekhukhwini wakho? Yana ku-www.nalibali.mobi ukuze uthole amathiphu nemicabango yokukhethe nokujula nezincwadi nezingane.



In this special Library Week edition:

- Bilingual poster: 10 reasons to use your library (page 2)
- A cut-out-and-keep story about a cat who loved the library (pages 3 to 6)
- A Story Star librarian (page 7)

Kulolu shicilelo olukhethekile lweSonto Lomtapo Wezincwadi:

- Iphosta ebhalwe ngezilimi ezimbili: Izizathu eziyi-10 eziphathelele nokuthi kungani kumele usebenzise umtapo wakho wezincwadi (ekhasini lesi-2)
- Indaba ozoyisika bese uyigcina emayelana nekati elalithanda umtapo wezincwadi (ekhasini lesi-3 ukuya kwelesi-6)
- Umsizi Wasematsheni Wezincwadi Ovelele Ezindabeni (ekhasini lesi-7)



Drive your
imagination

Read to me. In my language.
Ngifundele. Ngolimi lwami.





Drive your imagination

10 reasons to use your library



1 Help your children be better readers. Research shows that children who use the library are nearly twice as likely to be above-average readers than children who don't. *(National Literacy Trust)*

2 Establish the reading habit. Regular trips to the library help you and your children make a regular "date" with books so you all get into the habit of reading!



3 Something for everyone. Libraries offer books for all ages and interests, all under one roof – from board books for babies, to picture books for young children, and novels and information books for older children and adults.

4 Reading for free. Libraries offer a wider variety of reading material than we could ever own – and it is free!

5 Who's your favourite? Libraries are great places to find out who your favourite authors are – and you can keep discovering new ones too!

6 Reading to write. Reading stories written by others can help inspire children's own story writing.

7 More than books. Many libraries also offer more than just books – for example, CDs, DVDs, newspapers and magazines. Some libraries also have computers you can use to access the Internet.

8 Enjoy free activities. Some libraries offer activities especially for children (like regular storytelling times) that let them have fun with books.

9 Ask for advice. Librarians are knowledgeable! Ask them about good and popular books for children, teenagers and yourself.

Quiet space. The library is a peaceful place for older children to do their homework. There are plenty of books to help them do research for school projects and assignments.

10



Izizathu eziyi-10 zokusebenzisa umtapo wakho wezincwadi

1 Ukusiza izingane zakho ukuthi zibe abafundi bokubhaliwe abangcono. Ucwango lukhombisa ukuthi izingane ezisebenzisa umtapo wezincwadi zisemathubeni aphindwe kabili okufunda kangcono kunezingane ezingafundi. *(National Literacy Trust)*

2 Ukuqala umkhuba wokufunda. Ukuya njalo emtatsheni wezincwadi kusiza wena kanye nezingane zakho ukuthi nihlale "nizinika isikhathi" nezincwadi ukuze nonke ningenwe ngumkhuba wokufunda!

3 Into yalowo nalowo muntu. Imitapo yezincwadi ihlinzeka ngezincwadi zabantu abaneminyaka nezidingo ezahlukene phansi kophahla olulodwa – kusukela ezincwadini zabantwana ezizwuzwembe, ukuya ezincwadini ezinezithombe zezingane esezikhulile kanye namanoveli nezincwadi zokuhlinzeka ngolwazi zezingane esezindadlana nabantu abadala.

4 Ukufunda mahhala. Imitapo yezincwadi inezincwadi ezahlukene neziningi kunalezo ebesingaba nazo – futhi azikhokhelwa!

5 Ubani umbhali omthandayo? Imitapo yezincwadi iyindawo enhle kakhulu yokuthola ukuthi bangobani ababhali bakho obathandayo – futhi ungathola khona nabasha!

6 Ukufunda ukubhala. Ukufunda izindaba ezibhalwe ngabanye kungakusiza ukuthi unike izingane zakho intshisekelo yokuthi zibhale izindaba zazo.

7 Akutholakali izincwadi nje kuphela Imitapo yezincwadi eminingi ihlinzeka ngokungaphezu kwezincwadi – isibonelo, ama-CD, ama-DVD, amaphephandaba namaphephabhuku. Eminye imitapo yezincwadi inawo namakhompyutha ongawasebenzisa ukuze ungene ku-inthanethi.

8 Ukuthokozela ukwenza imisebenzi yamahhala. Eminye imitapo yezincwadi iba nezinto ezilungiselwe izingane (ezifana nokuxoxwa kwezindaba njalo ngemuva kwesikhathi esithile) ezizenza zizijabulise ngezincwadi.

9 Cela iseluleko. Abasizi bomtapo wezincwadi banolwazi oluningi! Babuzeni ngezincwadi ezinhle nezidumile zezingane, ezamabhungu namatshitshi nawe futhi.

10

Indawo ethule. Umitapo wezincwadi uyindawo enokuthula lapho izingane ezindadlana zenza khona imisebenzi yazo yesikole yasekhaya. Kunezincwadi eziningi ezingazisiza ukuthi zenze ucwango lwamaphrojekthi ezikole nama-asayimenti.



www.nalibali.org



www.nalibali.mobi



nalibaliSA



@nalibaliSA



It starts with a story...

Wafunda imiyalelo yokuthi angalenza kanjani ibhelunde elihamba ngomoya oshisayo ukuze ehlele ophahleni. Kodwa ibhelunde elihamba ngomoya oshisayo labhampa kushemula, landiza ledlula indlu lase Iiyogaxeleka esihlahleni. Wazama yonke into. Akukho nokukodwa okwasebenza.

Wagijima wabuyela emtatsheni wezincwadi ukuze athole incwadi emayelana nokuvula iminyango ekhanyiswe nokuvula amafasitela. Wazama, kodwa iminyango yalokhu ikhanyiswe namafasitela evaliwe.

Utheo wayebukela eme ngaphandle. "Ngabe," ezibuza, "ngingenza kanjani ukuze ngibakhiphe endlini?" Kodwa yayingekho indlela ayengangena ngayo endlini.

He studied instructions on how to make a hot air balloon so that he could land on the roof. But the hot air balloon bounced off the chimney, sailed past the house and got stuck in a tree. He tried everything. Nothing worked.

He ran back to the library to find a book about unlocking doors and opening windows. He tried, but the doors stayed locked and the windows shut.

Theo watched from outside. "How," he wondered, "do I get them out of the house?" But there was no way he could get in.



Wenza amakati ahlangana enza ingubo yokulala yombhede lamahlombe akhe azacile nezinyawo zakhe eziziqhoshe amathambo kanye neragi lokubeka emathangeni akhe. Amakati ayethukile. Afisa ukuthi ngabe kungcono ukuba ayelalele uTheo.



She made the cats huddle up together into a blanket for her bed, a cover for her bony feet, a shawl for her scrawny shoulders and a rug for her lap. The cats were terrified. They wished they had listened to Theo.

Theo
the library cat
Ikatilasemtatsheni
wezincwadi
elinguTheo


Wendy Hartmann
Joan Rankin



Hop on board
for a reading
adventure ...



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi





“Manje-ke,” kusho uNkosikazi Pratt, “nakhu okuzokwenzeka lai” Wama phezu kwetafula wase ememeza, “Umsebenzi wenu, ngamunye, ... UKUNGIGCINA NGIFUDUMELE!”

Wayedansa ezungeza igumbi lonke ebanga umsindo omkhulu. “Nizophakelwa kanye ngesonto UMA niziphatha kahle. Akukho zinsuku zokuzalwa. AKUKHO maholide!” kumemeza yena. “Futhi! AKUKHO KHISISIMUSI!”

“And now,” said Mrs Pratt, “this is what happens here!” She stood on top of the table and shouted, “Your duty, each and every one of you, is ... TO KEEP ME WARM!”

She danced around the room cackling. “You’ll get fed once a week IF you behave. There are no birthdays. There are NO holidays!” she shouted. “And THERE IS NO CHRISTMAS!”

Theo lived with his mother, his brother and his sister, right next to the library. The other cats in town were only interested in food, fun and fighting, but not Theo. He loved to read.

He went to the library and read everything from comics to encyclopaedias. He learnt that the world was round and that the sea was salty. He learnt how to make bubblegum and spot satellites. He also learnt that every question had an answer – and Theo loved asking questions.

“Ma-aaa, where do kittens come from? Why is winter cold and summer warm? How do clouds float in the sky?” Theo asked his mother.

“Go to the library, dear. You will find all those answers in books.”

Theo wayehlala nonina, umfowabo nodadewabo, eduze nomtapo wezincwadi. Amanye amakati asedolobheni ayenendaba nje kuphela nokudla, ukuzithokozisa kanye nokulwa, kodwa kwakungenjalo kuTheo. Wayekuthanda ukufunda.

Wayeya emtatsheni wezincwadi bese eyofunda konke kusukela kumakhomikhi kuye emiqingweni yolwazi oluxubile. Wafunda ukuthi umhlaba uyindilinga nokuthi amanzi olwandle anosawoti. Wafunda ukuthi wenziwa kanjani ushingamu kanye nokubona amasathelayithi. Wafunda nokuthi umbuzo ngamunye unempendulo – futhi uTheo wayekuthanda ukubuza imibuzo.

“Ma-aaa, avelaphi amakati? Kungani ubusika bubanda kanye ihlobo lifudumele? Antanta kanjani amafu esibhakabhakeni?” uTheo ebuza umama wakhe.

“Yana emtatsheni wezincwadi, sithandwa sami. Uzothola zonke lezo zimpendulo ezincwadini.”



Wabuyela emtatsheni wezincwadi, etafuleni, ekhomeni, wabona incwadi ebizwa ngokuthi i-*The Little Man in Red*.

“Nazo-ke,” kumemeza yena. Waboleka indwangu yetafula ebomvu kanye nesikhwama esikhulu. Wacinga intambo, isitebhisi kanye nesigaxa esikhulu sikashizi. Wase ebamba umhlangano namagundane asemtatsheni wezincwadi.

He went back to the library, and on a table, in the corner, he saw a book called *The Little Man in Red*.

“That’s it,” he cried. He borrowed a red tablecloth and a large bag. He searched for a rope, a ladder and a very big piece of cheese. Then he had a meeting with the library mice.

Theo went back home to his mother and his brother and sister. He liked living right next to the library. Because he still wanted to read, hundreds of books, learn about a thousand things and, of course, ask a million and one questions.

UTheo wabuyela ekhaya kunina, nakumfowabo nodadewabo. Wayekuthanda ukuhlala eduze nomtapo wezincwadi. Phela wayesafuna ukufunda amakhulu ezincwadi, ukufunda ngezinkulungwane zezinto, kanti futhi, nokubuza imibuzo eyisigidi nomuvo.



Kusenjalo, emuva
endlini, uNkosikazi Pratt
wayeqhiyeme esitlweni
sakhe, embozwe
amakati. "KHALANI!
kuyalela yena. "Khalani!
nonke. Kwenza ukuthi
igumbi lifudumale.
Yimani! Kukhona
umoya obandayo
ongenayo. Ngifuna
ukuthi amakati
amahlanu
amboze
ushemula."
Kusenjalo kwaba
khona umsindo
OMKHLU owehla
ngoshemula!

Suddenly there was a loud KERPLUNK sound that came down
the chimney!
Meanwhile, back at the house, Mrs Pratt sat in her armchair,
covered in cats. "PURRI!" she ordered. "All of you purr. It makes
the room warmer. Wait! There's a chilly wind coming in. I want
five cats to block the chimney."



Theo gave the mice the big
piece of cheese and they ran
back to the library.

The cats cheered. They carried
Theo around on their shoulders
and bounced him up and down
in the red table cloth.

With Mrs Pratt gone, every
single cat in town collected
their belongings and moved
into her house. They called it
CAT COTTAGE ... but not Theo.

UTheo wanika amagundane isigaxa
sikashizi abaleka abheka emtatsheni
wezincwadi.

Ajabula amakati. Athwala uTheo
ngamahlombe awo azungeza
naye futhi emphonsa phezulu
naphansi ngendwangu yetafula
ebomvu.

Njengoba esehambile nje
uNkosikazi Pratt, ikati
ngalinye edolobheni
laqoqa konke
okungokwalo
layohlala endlini
yakhe. Ayibiza
ngokuthi yi-CAT
COTTAGE ... kodwa
uTheo akazange.



Indlu yayiyisithabathaba. Kwakukhona izindawo zokubasa umlilo
egumbini ngalinye futhi kukhona nezindishi ezincane ezibekwe
yonke indawo.
"Uyabona!" kusho ikati elizidayo lohlobo lwe-Siamese kuTheo.
"Uyikati elinovo entaneni," lisho lingenangaphakathi. Ikati
ngalinye elalikhona edolobheni lakhuphuka ngezitebhis,
langena ngomnyango ongaphambili lase lilyongena endlini,
kodwa akangananga uTheo. Wabukeka esesangweni lengadi.
Wabona kuphela uNkosikazi Pratt ekhaya umnyango evala nawo
onke amafatelela. Ngaphakathi, kwakungekho nelilodwa isoso
elinokudla, kungekho nomlilo obasive.

The house was enormous. There was a fireplace in every room
and there were little bowls set out everywhere.
"See!" said a snooty Siamese to Theo. "You're just a scaredy-cat,"
and she walked inside. Every single cat in town walked up the
steps, through the front door and into the house, but not Theo.
He watched from the garden gate. Only he saw Mrs Pratt lock the
doors and shut all the windows. Inside, not a saucer was filled,
nor a fire lit.



Now, at the other end of the town was a large house. Mrs Pratt
lived there. She lived alone without a single pet. She grumbled,
muttered and moaned about everything.

"I'm cold," she said, "from the top of my head right down to my
feet. I don't like winter!"

Kusenjalo, kolunye uhlangothi lwedolobha kwakukhona indlu
enkulu. Kwakuhlala uNkosikazi Pratt kuyo. Wayehlala yedwa
engenaso nesisodwa silwane esingumngani. Wayehlale
evungama, ekhononda ngayo yonke nje into.

"Ngiyagodola," kusho yena, "kusukela okhakhayini lwekhanda
lami ukuyosho phansi ezinyaweni zami. Angibuthandi ubusika!"





“YIMANI!” kumemeza uTheo. “Ningahambi! Angimethembi!”
Kodwa wonke amakati ayesezwile umlayezo. Ayelambile.
Akhotha izindebe zemlomo yawo, wonke ngalinye ngalinye
alandela uNkosikazi Pratt eya ekhaya.

“WAIT!” shouted Theo. “Don’t go! I don’t trust her!”
But all the cats had heard the message. They were hungry. They
licked their lips and one by one followed Mrs Pratt home.

One day, when she was out shopping, she saw some cats. They
looked so snug and warm in their soft fur coats. Mrs Pratt smiled a
nasty smile and she scurried home, a plan already bubbling in the
back of her brain.

The next day she was back. “Oh, I do ADORE cats!” she said.
“I have a HUGE house. It has a fireplace in every room. There
will be milk and food every day with fish on Fridays. Every cat is
welcome.” She peered around. “White cats, black cats, thin cats,
fat cats, any cats ... ALL CATS.”

“Why does she keep saying that?” asked a ginger tom as he crept
closer. Mrs Pratt sniggered. She crouched down and scratched
the top of his head with a bony finger. “Oh, I adore cats,” she said
again and smiled a crooked smile.

Ngelinye ilanga, ngesikhathi eyothenga, wabona amanye amakati.
Ayebukeka emfabamfaba futhi efudumele emajazini awo oboya.
UNkosikazi Pratt wasineka wase ephuthuma ekhaya, sekukhona
umqondo omfikele.

Wabuya ngosuku olulandelayo. “O, NGIYAWATHANDA amakati!”
kusho yena. “Nginendlu ENKULU. Inezindawo zokubasa umlilo
egumbini ngalinye. Nizoba nobisi nokudla nsuku zonke kanye
nenhlanzi ngoLwezihlanu. Emukelekile wonke amakati.”
Walunguza yonke indawo. “Amakati amhlophe, amakati
amnyama, amakati ondile, amakati akhuluphele, noma yimaphi
amakati ... WONKE AMAKATI.”

“Kungani elokhu ephinda lokhu?” kubuza ikati lenduna elimpunga
ngesikhathi lisondelela. UNkosikazi Pratt waqhumisa insini
esabekayo. Waqojama wase enwaya ukhakhayi lwakhe ngeminwe
yakhe emathanjana. “O, ngiyawathanda amakati,” washo ephinda
enza sengathi uyamamatheka.

“Ukhisimusi! Omuhle!”
“Akuwona
ukhisimusi!”
kumemeza
uNkosikazi Pratt
ngezwi elihlabayo.
“Akukwazi ukuba
ukhisimusi. Ayikho
INTO EBIZWA
ngokhisimusi!”

“Ukhisimusi! Omuhle!”
kumemeza izwi. Kwakukhona
into ebomvu engajwayelekile
emi ngasendaweni yokubasa
yetshe the isikhwama
esikhulu emahlombe ayo.

“Merry Christmas!” shouted a voice. A strange figure in red stood
in the fireplace with a large bag on its shoulders.
“It’s not Christmas,” screamed Mrs Pratt. “It can’t be Christmas.
THERE IS no Christmas.”



“Well, here are the presents.” The strange creature opened the bag
and out ran hundreds of mice.

Mrs Pratt shrieked. She shot out of her chair and ran for the door.
Theo did not have to open it. Mrs Pratt did that all by herself. She
ran so fast that she ran into the street, into the town, right into next
week and was never seen again.

“Thatha-ke nazo izipho zakho.” Into engejwayelekile yavula
isikhwama kwase kuphuma amakhulu amagundane.

UNkosikazi Pratt wamemza ngezwi elihlabayo ngenxa yokwethuka.
Wagxuma wasukuma esitulweni sakhe wagijima waya emnyango.
Akudingekanga ukuthi uTheo awuvule. UNkosikazi Pratt wazenzela
lokho ngokwakhe. Wagijima ngesivinini esikhulu kangokuthi
wangenamgwaqweni, wangenamadolobheni, waze wayofika
esontweni elilandelayo wangaphinde abonwe futhi.

Story stars

Libraries as literacy leaders

Lulama Langeni is the senior librarian at Harare Library (Khayelitsha, Western Cape) which is working hard to promote reading for enjoyment amongst children. We spoke to Lulama about reading and writing for pleasure.

Why is reading for enjoyment important?

It takes you to places that you have never been and helps you to think outside the box.

How do you encourage children to read for enjoyment?

I listen to them and talk about books. I also make sure that they know that I think they are good readers and I am never too busy to listen to them when they want to read to me. And, when I am reading with them, they have my full attention!

How can adults help children develop as readers and writers?

It is very important to join a library so that at least one parent can visit the library with their children and take books home. We want our children to grow up in homes with books! I would advise parents to make time for everyone to read together, as well as time to share stories and keep the oral tradition going. Also, have scrap paper at home for children to write their stories on.

How can libraries help develop their communities?

Libraries can promote lifelong learning by making sure that their collection includes a variety of materials, like books, CDs, DVDs, newspapers and magazines, and that these are all arranged in ways that make it easy for people to use them. It is also important for libraries to form partnerships with others who are passionate about literacy and investing in the community. We can encourage reading through hosting storytelling sessions and organising reading programmes at our libraries, and by supporting local reading clubs.

Which children's story do you love to read or tell, again and again?

I have always loved *Cinderella!* There is a fun, modern version of *Little Red Riding Hood* by Tony Bradman that I really like – in it, Red Riding Hood even has a cellphone! Then my new favourite is *Three Friends and a Taxi* by Maryanne Bester.

Finish the sentence: Children should visit their libraries because ...

... libraries are fun, free and interesting!



Lulama Langeni

Abavelele ezindabeni

Imitapo yezincwadi njengabaholi kwezokwazi ukufunda nokubhala

ULulama Langeni ungumsizi omkhulu wasematsheni wezincwadi eMatsheni Wezincwadi WaseHarare (eKhayelitsha, eNtshonalanga Kapa) osebenza kanzima ukuze ukhuthaze ukufunda ukuzithokozisa ezinganeni. Sixoxe noLulama mayelana nokufunda nokubhalela ukuzithokozisa.

Kubaluleke ngani ukufundela ukuzithokozisa?

Kukuhambisa ezindaweni ongakaze ufike kuzo futhi kukusiza ukuthi usabalalise umqondo.

Uzikhuthaza kanjani izingane ukuthi zifundele ukuzithokozisa?

Ngiyazilalela bese ngixoxa nazo ngezincwadi. Ngiyaqinisekisa futhi ukuthi ziyazi ukuthi ngicabanga ukuthi zifunda kahle nokuthi ngihlale ngingaxakekile kakhulu ukuthi angeke ngikwazi ukuzilalela uma zifuna ukungifundela. Futhi, uma ngifunda nazo, ngiyeka konke engikwenzayo nginake zona!

Abantu abadala bangasiza kanjani ukuthuthukisa izingane zibe abafundi nababhali?

Kubaluleke kakhulu ukubhalisa ematsheni wezincwadi ukuze okungenani kube nomzali oyedwa ovakashela umtapo wezincwadi nezingane bese eya nezincwadi ekhaya. Sifuna ukuthi izingane zethu zikhulele emakhaya anezincwadi! Ngingacebisa abazali ukuthi benze isikhathi sokuthi wonke umuntu afunde ndawonye nabanye, kanye nesikhathi sokwabelana

ngezindaba nokuthi kugcinwe isiko lokuxoxa izindaba liqhubeka. Futhi, yiba nephepha elingasetshenziswa lapho izingane zakho zizobhala khona izindaba zazo.

Imitapo yezincwadi ingasiza kanjani ukuthuthukisa imiphakathi yayo?

Imitapo yezincwadi ingakuthaza ukufunda komuntu impilo yakhe yonke ngokuqinisekisa ukuthi okungasetshenziswa kubandakanya izinto eziningi, ezifana nezincwadi, ama-CD, ama-DVD, amaphephandaba kanye namaphephabhuku, nokuthi lokhu kubekwe ngendlela eyenza kube lula ukuthi abantu bakwazi ukukusebenzisa. Kubalulekile futhi ukuthi imitapo yezincwadi ibe nobudlelwane bokusebenzisana nabanye abanentshisekelo yokwazi ukufunda nokubhala nokutshala okuthile emphakathini. Sikhuthaza ukufunda ngokusingatha imihlangano yokuxoxa izindaba kanye nokuhlelela izinhlelo zokufunda ematsheni wethu wezincwadi, kanye nangokuxhasa amathimba okufunda asendaweni yethu.

Iyipi indaba yezingane othanda ukuyifunda noma ukuyixoxa uphindaphinde?

Ngangivele ngimthanda u-*Cinderella!* Kunenye indaba emnandi, yesimanjemanje ethi, *Little Red Riding Hood* ka-Tony Bradman engiyithanda ngempela – kuyo, u-Red Riding Hood unawo nomakhalekhukhwini imbala! Enye incwadi yami engiyithandayo yakamuva ithi, *Three Friends and a Taxi* ka-Maryanne Bester.

Qedela lo musho: Izingane kumele zivakashele imitapo yazo yezincwadi ngoba ...

... imitapo yezincwadi iyindawo emnandi, ekhululekile nehlabu umxhwele!

Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Story corner

Here is the final part of the story about the shy horse, Kamuzu, for you to read aloud or tell.

Kamuzu's voice (Part 2)

by Avril Wiid

Kamuzu looked at his friends. "Nobody's helping me. Everyone is just munching and crunching," he whispered sadly. He walked back to the farm to continue his search on his own. Kamuzu looked under the bushes, behind the shed and up at the clouds. Then he looked towards the hills.

"Oh no, there's a storm coming! It's already raining in the hills. That means the river is going to flood. I have to warn the animals. But I can only whisper, they'll never hear me."

Kamuzu felt the first raindrops plip-plop on his back. The river was already rising. Everyone was still busy munching and crunching.

Kamuzu opened his mouth, but nothing happened. He had to do something. If his friends tried to cross the river, they would all drown. He tossed his head, shook his mane and stamped the ground with his hooves. None of his friends noticed him. The waters in front of him raced and rushed.

Just then it started to rain harder. All the animals looked up and started to run towards the river.

Kamuzu forgot about his lost voice. He faced the rushing river and, galloping as fast as he could towards it, took an enormous jump right over the raging water. As he landed on the other side he opened his mouth and shouted, "STOP! DON'T CROSS!"

The animals were shocked. They had never heard such a loud voice come out of Kamuzu's mouth.

"Go back!" Kamuzu shouted. "Go up to the rocks."

Everyone ran to the rocks to shelter from the rain.

"You saved us, Kamuzu," said Baas. "Thank you."

"You found your voice," said Snorkel.

"Yes," said Dozie, "it's nice to hear you. You were always so quiet, we thought you just didn't want to talk to us."

"I'm shy," said Kamuzu. "I never know what to say."

"But we're friends," said the rabbits. "You don't have to be shy with us."

"From now on," said Baas, "we want to hear you speak. Promise you will?"

"Promise! Promise! Promise!" they all said together.

And, Kamuzu, the horse, lifted his head to the sky and shouted, "YES! YES! YES, I PROMISE!"

Tell us if you liked the story, *Kamuzu's voice* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.



Illustration by Jiggs Snaddon-Wood
Umdwebo wenziwe uJiggs Snaddon-Wood

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yesibili yendaba emayelana nehhashi elinamahloni, igama lalo elinguKamuzu, ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa.

Izwi likaKamuzu (Ingxenye yesi-2)

ngu-Avril Wiid

UKamuzu wabheka abangani bakhe. "Akekho umuntu ongisizayo. Wonke umuntu uyazitika," esho ehlebeza kalusizi. Wabuyela epulazini ukuze aqhubeka nokubheka yedwa. UKamuzu wabheka ngaphansi kwamahlaha, ngemuva kwegushede naphezulu emafini. Wase ebheka ngasemagqumeni.

"Maye, kuza isiphepho! Seliyana emagqumeni. Lokhu kuchaza ukuthi umfula uzodla izindwani. Kumele ngixwayise izilwane. Kodwa ngikwazi ukuhleba kuphela, angeke zingizwe."

UKamuzu wezwa amathonsi emvula okuqala ethi co, co, co emhlane wakhe. Umfula sewuyangenisa. Wonke umuntu wayesazitika ngokudla.

UKamuzu wavula umlomo wakhe, kodwa kwangenzeka lutho. Kwakumele enze okuthile. Uma abangani bakhe bezame ukuwela umfula, babezomuka bonke. Wanikina ikhanda lakhe, wanikina nomhlwenga wagxoba phansi ngamasondo akhe. Akukho noyedwa owambona ebanganini bakhe. Amanzi aphambi kwakhe agijima egeleza.

Kwaqala ukunetha kakhulu ngaaleso sikhathi. Zonke izilwane zabheka phezulu zaqala ukugijima zibheke ngasemfuleni.

UKamuzu wakhohlwa ngezwi lakhe elilahlekile. Wagijima elibhekise ngasemfuleni ogelezayo, engqabashiya ngamandla ephokophele kuwo, wagxuma kakhulu weqa umfula odla izindwani. Wathi uma ewela ngakolunye uhlangothi wakhamisela wamemeza wathi, "YIMANI! NINGAWELI!"

Zamangala zonke izilwane. Zazingazange zizwe izwi eliphezulu eliphuma emlonyeni kaKamuzu.

"Buyelani emuva!" Kumemeza uKamuzu. "Khuphukelani emadwaleni."

Wonke umuntu wabaleka wayokhosela emadwaleni ebalekela imvula.

"Usindise izimpilo zethu, Kamuzu," kusho uBaas. "Siyabonga."

"Ulitholile izwi lakho," kusho uSnorkel.

"Kunjalo," kusho uDozie, "kumnandi ukuzwa izwi lakho. Ubuhlale uthule, besicabanga ukuthi awufuni ukukhuluma nathi."

"Nginamahloni," kusho uKamuzu. "Ngihlale ngingazi ukuthi kumele ngithini."

"Kodwa singabangani," kusho onogwaja. "Akumele ube namahloni uma unathi."

"Kusukela namhlanje," kusho uBaas, "sifuna ukukuzwa ukhuluma. Sithembise ukuthi uzokwenzenjalo?"

"Sithembise! Sithembise! Sithembise!" besho bonke kanyekanye.

Ihhashi elinguKamuzu, laphakamisa ikhanda lalo lamemeza, "YEBO! YEBO! YEBO, NGIYETHEMBISA!"

Sitshela ukuthi ngabe uyithandile yini indaba ethi, Izwi likaKamuzu – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.

In your next Nal'ibali supplement:

- Tips for telling stories
- Our readers' letters and messages
- Days to celebrate in April
- A cut-out-and-keep book, *The trader and the farmer*
- Poems to read in celebration of World Poetry Day

Have you joined the Nal'ibali network yet? Visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi to register – and receive a monthly newsletter with exclusive competitions and other great benefits.



Find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Amacebo okuxoxa izindaba
- Izincwadi nemiyalezo yabafundi
- Izinsuku ezizogujwa ngoMbaso
- Incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyayigcina ethi, *Umhwebi nomlimi*
- Izinkondlo ezizofundwa ekugubhebi Usuku Lomhlaba Lwezinkondlo

Ngabe sewubhalisile yini ohlelweni lwakwaNal'ibali? Vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi ukuze ubhalise – bese uthola iphephabhuku lamalungu lazinyanga zonke elinemincintiswano engenelwa amalungu kuphela neminye imihlomulo emikhulu.

